IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

53/2015 Intshumayelo ngesonto 21 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 25. 10. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-Rom. 12:21, lithi: **"Unganqotshwa ngokubi, kodwa nqoba okubi ngokuhle"**

1. Iculo 144/130

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Simakade, siyakubonga ngomusa wakho omkhulu kakhulu osenzela wona imihla ngemihla, nakuba siyizoni eziphambuka njalo endleleni yakho yensindiso. Sihlangene lapha Nkosi ngenhloso yokudumisa Wena. Makungabi ngokwenza nokuthanda kwethu, kodwa konke kube ngomusa wakho nangokuholwa nguMoya wakho oyiNgcwele. Impela asifanele ukuma phambi kwakho nokubiza iGama lakho ngenxa yezono zethu, kepha siyakucela ukuba uhlale phakathi kwethu, usiqinise ekukholweni okusindisayo ngeNdodana yakho uJesu Khristu. Ake usivikele emandleni kaSathane nakukho konke okufuna ukusiphambukisa endleleni yakho yensindiso. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Jer. 29:1-14;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabseEfesu 6:10-17'

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMath.10:34-39;

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 269/164

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli inthsmayelo elotshiwe ngawlo lilotshiwe Mathewu 5:38-48, lithi: "Nizwile kwathiwa: Iso ngeso, izinyo ngezinyo. Kepha mina ngithi kini: Ningamelani nokubi kodwa uma umuntu ekumukula esihlathini sokunene, mphendulele nesinye, Nofuna ukukumangalela, akwamuke ingubo, mnike nejazi, Nosuka ekucindezela ukuba uhambe imayela libe linye, hamba naye abe-mabili. Muphe ocela kuwe, ungamfulatheli ofuna ukutsheleka kuwe. Nizwile kwathiwa: Wothanda umakhelwane wakho, uzonde isitha sakho. Kepha mina ngithi kini:Thandani izitha zenu, nibabusise

abaniqalekisayo, nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanizingelayo ukuba nibe ngabantwana bakaYihlo osezulwini, ngokuba yena uphumisa ilanga lakhe phezu kwababi nabahle, anise imvula phezu kwabalungileyo nabangalungile. Ngokuba uma nithanda abanithandayo, ninamvuzo muni na? Abenzi njalo nabathelisi njalo nabathelisi na?. Futhi uma nibingelela abafowenu bodwa, nenza-lukulu luni na? Abenzi njalo nabezizwe na? Ngakho-ke manibe-ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo wasezulwini ephelele." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, iNkosi yethu uJesu Khristu ikhuluma neBandla, ithi: "Nizwile kwathiwa: Iso ngeso, izinyo ngezinyo." La mazwi anenhloso yokuthi umuntu angenzi okubi komunye bese ecabanga ukuthi uzozichanasela nje angajeziswa. Qha, akunjalo. IBandla aliweshami la mazwi, futhi neNkosi ikuqonda kahle ukuthi laba bantu bayawazi ukuthi achazani nokuthi yini inhloso yawo, ayatholakala ku-Exodusi 21:24; Levitikusi 24:20 nakuDutheronomi 19:21. Kwakungumthetho owaziwayo ukuthi owenze okubi komunye umuntu, makwenziwe kanjalo nakuye ngendlela efanayo.

Bandla elithandekayo, iNkosi yethu uJesu Khristu iyayiguqula leyo ndlela yokujezisa, igcizelela indlela yobuntu, ethi: "Umuntu ngumuntu ngabantu" okuyiyona ndlela okufanele kuhanjwe ngayo. UJesu usifundisa indlela entsha yokuzithoba, ukuze sikwazi ukumelana nezimo zempilo ezinhlobonhlobo. Uyasigqugquzela ukuthi senze lokho okungalindelekile, futhi okwahlukile kulelo sikompilo lakudala, elalithi: "Iso ngeso izinyo ngezinyo." Ngamanye amazwi ubuntu abukho ekuphindeseleni okubi ngokubi, kodwa okuhle ngokuhle njengalokhu iZwi lisiyala ukuba senze okuhle. Siyakhuthazwa ukuba singalokhu sihamba sifuna ukuziphindiselela ngokubi, kepha silangazelele ukubenzela okuhle labo abasicindelayo nabacabanga ukuthi sintekenteke bezitshela ukuthi ngeke saphumelela ukuhamba amabanga athe xaxa kunalawo abasibekela wona.

Ubuntu, yibona kanye iNkosi yethu uJesu Khristu efuna ukuba sikwenzele abanye abantu ukuze kube khona ukuhlalisana kahle phakathi kwethu nezizwe zonke ezikhona emhlabeni. INkosi yethu ikhuluma ngokugcilelela lapho ithi: "Kepha mina ngithi…" okusobala ukuthi iguqula isikompilo lakudala elalinesihluku, nakuba kwakuqondwe ukuthi abantu bakwesabe ukwenza okubi kwabanye abantu ngenxa

yesijeziso esinzima abazojeziswa ngawo. Kodwa uJesu Khristu ukubeka ngokusobala ukuthi indlela enhle yokuphilisana ngukuthi kuqiniswe isisekelo sobuntu ngokuthi kwenziwe okuhle okungalindelwe ukuthi kungenziwa. Usinika amandla nomqondo ophusile ukuze impilo nenhlalakahle siyibheke ngelinye iso lokuthi sithande ngisho izitha zethu. Angithi isiko mpilo lakudala belithi: "Ikhotha eyikhothayo engayikhothi iyayikhahlela." Kodwa Yena uqhakambisa ukuthi sithande nalabo abasizondayo singakhethi bala lamuntu. Impela uyasibuza, uthi: "Ngokuba uma nithanda abanithandayo, ninamvuzo muni na? Abenzi njalo nabathelisi na?" Bandla elithandekayo eNkosini, siyakhuthazwa ukuba izenzo zethu zingaqhathaniswa nezabathelisi nabezizwe, kodwa kunalokho makubonakale ukuthi sivuthiwe ekwenzeni nasekuhambeni kwethu ngenxa yokukholwa yiVangeli elisindisayo ngoJesu Khristu. Impilo yethu mayibahehe nabanye abangakakholwa nguKhristu.

UKhristu uyasikhumbuza ukuthi, uBaba wethu osezulwini ubenzela okuhle abahle nababi, abalungileyo nabangalungile. Masikhumbule ukuthi inhlosongqangi yoMdali wethu ngukuthi sonke thina bantu siphenduke sikholwe nguye ngoJesu Khristu ukuze sibe nokuphila okuphakade. Ngakho-ke siyexwayiswa ukuthi inzondo nokuphindisela okubi ngokubi kuzala inzondo, izono eziningi, futhi kunomthelela omubi ekuhlalisaneni komphakathi. Ake ucabange nje uma kulwa imindeni emibili ukuthi yilowo nalowo ufuna ukuziphindiselela, kube yimpi engapheli noma kuhlale kubanjelwene amagqubu. Impela iZwi liyasikhuthaza ukuba sikuqonde kahle ukuthi okubi kunqotshwa ngokuhle. Yebo, masikuqonde ukuthi lokhu kungezwakala kulula nje ukukwenza. Kodwa siyazi ukuthi uma umuntu ekushaya ngembibizane usuke ekweya impela, ngakho-ke oshaywe kanjalo uyaye afune ukuziphindiselela. Kepha uKhristu usikhuthaza ukuba senze okuhle okungalindelwe neze.

Yebo, thina bantu asinawo amandla ngokwethu okumelana nakho konke okubi okusehlelayo, kepha ngamandla eVangeli elisisindayo, nangokuholwa nguMoya oyiNgcwele singaphumelela ukwenza okuhle kwabanye ngenhliziyo emhlophe ephuphuma uthando njengalokhu noBaba wethu osezulwini esithanda. Akasizuzanga ngokusizonda, nakuba sasiyizitha zakhe ngenxa yesono, kodwa wasithanda waze wanikela ngeNdodana yakhe ukuze sisindiswe ngayo sizuze ukuphila kwaphakade. Ngakho-ke nalabo abenza okubi kithi bangazuzwa ngokuthi iBandla likaKhristu

libenzele okuhle ukuze ngezenzo ezinhle zobuntu eziqukethwe yiVangeli bazuzelwe ekuphileni kwaphakade. Bandla elithandekayo, masizibuze ngamunye ngamunye ukuthi simi kuphi mayelana nalo myalo kaKhristu asiyala ngawo? IVangeli likaKhristu lisiholela ekuphileni kwaphakade. UMoya oyiNgcwele uyasifundisa ngalokho okufanale ukuba sikwenze, nguYena osibizela ekukholweni okusindisayo ngoKhristu Jesu. Amen.

9. Umkhuleko: Nkosi Nkulunkulu, Siyabonga ukuzwa iZwi lakho eliphilisayo. Ake uqinise ukukholwa kwethu osiphe khona ngoKhristu imihla ngemihla. NguWena osipha ukuphila okuphakade ngeNdodana yakho uJesu Khristu. Sihole Baba wethu ngoMoya wakho oyingcwele ukuba sithobele iZwi lakho njengalokhu lisifundisa ngokuzithoba ngaphansi kwezimo ezinzima. Siphe amandla okuba sibe yisibani esikhanyayo ezweni sihambe ngokwentando yakho ngoKhristu Jesu iNkosi yethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 219 /170

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-S. E. Sithole

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.